

IZIBALO ZENTELA ZOWEZI-2018

PRETORIA, 20 kuZibandlela 2018 - UMgcinimafa kaZwelonke kanye noPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika bashicilele uhlelo lonyaka we-11 *IweziBalo zeNtela* namuhla,

Uhlelo lowezi-2018 luhlinzeka ngohlojikelele lwentela yemali engenayo eqoqiwe kanye nolwazi lwamaphepha entela lweminyaka yentela yangowezi-2014 kuya kowezi-2017, kanjalo neminyaka yezimali yangowezi-2013/14 kuya kowezi-2017/18.

Ngonyaka wezi-2017/18, okokuqala emva kwezinkinga zezimali emhlabeni wonke, ukukhula kwentela yemali engenayo azange kube ngaphezulu kokukhula kwe-GDP. Amaphuzu asemqoka ohlelweni lowezi-2018 yilawa:

- Kuqoqwe intela yemali engenayo efinyelela ku-R1 216.5 billion, ekhula unyaka nonyaka ngemali engu-R72.4 billion (6.3%) eyeyamiswe kakhulu yiNtela yeMali eNgenayo yomuntu i-Personal Income Tax ekhule ngo-R37.0 billion (8.7%);
 - I-Personal Income Tax (PIT) iku-38.0%, Corporate Income Tax (CIT) iku-18.1% kanti i-Value-added Tax (VAT) iku-24.5% kanti uma zihlangene iyona enemithombo eminingi yentela yemali engenayo kanti futhi ifaka 80.7% wentela yemali engenayo eqoqiwe.
 - Naphezu kwezimo ezinzima zomnotho lapho i-GDP inyuke okungatheni ngo-1.3% Kanye no-7.0%¹ ngokulandelana, isilinganiso se-Tax-to-GDP sehle kancane sisuka ku-25.9% ngonyaka wezi-2016/17 saya ku-25.8% ngonyaka wezi-2017/18.
- KuSahluko 2: PTI, ukuhlonzwa kwabantu nendawo ekuhlolweni kwabakhokhintela abahlolwe kwaze kwaba sekupheleni kukaNhlanguvana wezi-2018 kwaveza imiphumela ethakazelisayo:
 - 2 678 743 (54.7%) wabakhokhintela abahloliwe bekungabakhokhintela abangabantu besilisa; 2 219 822 (45.3%) bekungabantu besifazane.
 - 1 331 419 (27.2%) wabakhokhintela abahloliwe bebephakathi kweminyaka engama-35 kuya kwengama-44 yobudala; kanti
 - 1 966 744 (40.1%) wabakhokhintela abahloliwe babebhaliswe e-Gauteng; kubo abayi-629 113 wabakhokhintela abahloliwe bahlala ku-Johannesburg Metro kanti babetheliswe kungeniso eliyidonswantelo elijwayelekile elingu-R446 838.
- Izibalo kuSahluko 3 mayelana ne-CIT ziveza ukuthi ezinkampanini ezingaphezudlwana kuka-24.2% kwezingama-768 687 ezihloliwe kuze kube mhla zingama-30 kuNhlanguvana wezi-2018 ngonyaka wentela wezi-2016 ube muhle kungenisomali eliyidonselwantelo. Elinye ingeniso eliyidonselwantelo elingu-48.3% belilingana nemali engekho kanti esele engu-27.4% zibike ukulahlekelwa emva kokuhlolwa;

¹ Njengoba kumenyezwe kusiTatimende seNqubomgomo yeSabiwomali samaPhakathi noNyaka, 2018

- I-VAT ephelele eqoqiwe ifinyelele ku-R298.0 billion kanti ikhule ngo-R8.8 billion (3.1%) uma kuqhathaniswa nonyaka owedlule. I-VAT yomkhiziqo wasekhaya i-Domestic VAT, efinyelele ku-R336.3 billion kanti ikhule ngo-R14.8 billion (4.6%), kube yiyo ebeke izinga lokukhula okuhlanganisile ku-VAT ephelele. Izimali ezibuyiswayo ze-VAT zifinyelele ku-R191.1 billion kanti zikhule ngo-R9.5 billion (5.2%).
- ISahluko 4 siveza ukuthi ngonyaka we-2017/18, 76% wabahwebisi be-VAT abasebenzayo kwakuyizinkampani noma izinkampani eziyimifela ndawonye. Babe negalelo elingu-92% ekukhokhweni kwe-Domestic VAT nokubalwe ku-VAT ebuyiswayo engu-18.4%. Yize abantu (ababambe izinkampani ngabodwana) bengabahwebisi be-VAT abangu-18.4%, babe negalelo elingu-3.1% ekukhokhweni kwe-Domestic VAT base bethola imali ebuyayo ye-VAT engu-1.5%.
- Emva kokwehla ekuqoqweni kwemali ngonyaka wezi-2016/17, i-VAT yempahla engeniswa ezweni kanye neNtelo yoMnyango wokuThelisa ikhombise ukusimama okungatheni ngonyaka wezi-2017/18, njengoba kunabiwe kuSahluko 5. Ibe ngu-12.6% kanye no-4.0% wenani eliphelele leNtela yemali engenayo ngokulandelana; okube ngu-16.6% uma ihlanganisiwe, ebingaphansi kwevamile engu-18.3% kule minyaka emihlanu eyedlule. Ukwabiwa kwalezi zintela ku-GDP nakho kwehle kwaya ku-4.2% kusuka eminyakeni emihlanu eyendulela lo ku-4.6% ojwayelekile, i-VAT yempahla ethelekiswayo ibe ngu-3.2% kwathi iNtelo yoMnyango wokuThelisa yaba ngu-1.0% ngonyaka wezi-2017/18.
 - I-VAT yempahla engeniswa ezweni ezimbonini ezi-3 ezihamba phambili ibe ngu-88.0% wenani eliphelele, okuyilezi *Wholesale and Retail Trade, Catering and Accommodation sector (Tertiary)* ku-39.6%, ilandelwe yi-*Manufacturing (Secondary)* ku-30.2% Kanye ne-*Financial Intermediation, Insurance, Real Estate and Business Services (Tertiary)* ku-18.1%.
 - Isilinganiso seNtelo ephelele yoMnyango wokuThelisa ngonyaka wezi-2017/18 yayingu-3.2% uma iqhathaniswa neyeminyaka eyedlule eyayingu-3.0%. Impahla ehwebayo esemqoka enesilinganiso esiphezulu seNtelo yempahla kwakuyi- *Footwear and Accessories* ku-22.9%; *Hides, Skins and Leather* ku-18.0%; *Textiles and Clothing* ku-16.0%; *ukudla, iziphuzo kanye nogwayi* ku-11.8% kanjalo ne-*Vehicles, Aircraft and Vessels* ku- 8.2%.
- Okokugcina, iSahluko 6: Ezinye iziNtelo nezimali eziqoqiwe zihlinzeka ngezintelo ezifana neNtelo yeNzuzo yeNtengonani (CGT), iNtelo eDluliselwe, imiHlomulo yeNgcebo yeziMbiwa phansi nePhithiloyamu (MPRR), izinkokhelo ze-Southern African Customs Union (SACU) Kanye nezimali ezibuyiswayo zika-Diesel refunds. Ngonyaka wezi-2017/18, kwenziwa CGT R17.6 billion kuyo imali engu-R10.0 billion yayiswa kubantu nasezikhwameni zezimali ezisisiwe kanti u-R7.6 billion waya ezinkampanini. Lokhu kukhombisa ukunyuka kancane kuka- R0.6 billion (3.3%) emalini engu-R17.1 billion eyenziwe ngonyaka wezi-2016/17. Imali ephelele engu-R124.8 billion iqoqwe kusukela ekwethulweni kwe-CGT ngenyanga kaMfumu 2001.

Amadokhumenti eziBalo zeNtelo owezi-2018 ayatholakala kusizindalwazi sakwa-SARS nesakuMgcinimafa kaZwelonke kulawa makheli www.sars.gov.za kanye no-www.treasury.gov.za.

Abakwa-SARS noMnyango woMgcinimafa kaZwelonke bayakwemukela ukuphawula nezincomo okuqhubeka nokuthuthukisa ukusetshenziswa kokushicilelwe ekuhlolweni

kwenqubomgomo, kanye nokuthola imibono emisha ngesimo senhlalo nezomnotho eNingizimu Afrika. Lokhu kungahlinzekwa ngokuthumela i-imeyili ku-taxstatistics@sars.gov.za.